Siswate

# IZELULEKO

1. Lemvilophu iqukethe izifundo eziyisishiyagalombili ozozigcwalisa emavikini ambalwa azayo.

2. Kuleso naleso kukhona amavesi eBhayibheli abhaliwe ongawasika uwasebenzise ekufundeni ngekhanda. Liphathe, ulisebenzise ukubekisa iBhayibheli - - noma kuphi lapho lingakusiza khona lifunde.

3. Uma usuqedile isifundo, sigcine kahle kulemvilophu, bese ufaka ivesi lokukhunjulwa kulembotshana engaphambili kwalemvilophu.

Igama: ______________________________

Ikheli: ______________________________

Usuku Lokusindiswa: ______________________

## Umbiko Wenqubeko

| Isifundo | Usuku Esanikezwa Ngalo | Bhala Amazwana |
| --- | --- | --- |
| | | |
| | | |
| | | |
| | | |
| | | |
| | | |
| | | |
| | | |

### IZELULEKO

1. Isifundo sokuqala esikulemvilophu sinikwa loyo osand' ukuphenduka ngalesosikhathi aphenduka ngaso.
2. Ezinye izifundo eziyisikhombisa zizonikezwa kuloyo osand' ukuphenduka sibe sinye ngesikhathi esisodwa emva kokuba eseqede esokuqala.
3. Uma usumnikeza isifundo sesibili, mnike nemvilophu enkulu lapho azogcina khona izifundo aseziqedile kanye namavesi okukhunjulwa.
4. Ngalesosikhathi umnikeza isifundo esisha, xoxisana naye ngalesi esidlulile. Izimpendulo esezigcwalisiwe zizokwambula lapho kusasweleka khona usizo.
5. Yeluleka loyo ophendukile ukuba asike ivesi lokukhunjulwa kuleso nalesosifundo njengoba sibonakalisiwe, nokuthi alisebenzise ukuze akwazi ukufunda ivesi lokukhunjulwa.

QAPHELA: Ungamniki yonke lemvilophu yezifundo ngesikhathi esisodwa. Loku kungamethusa lo osand' ukuphenduka. Ukumnikeza zona iviki ngeviki kungasiza ukuba uthintwano lwenu luqhubeke.

# 1



## KWENZEKANI KIMI NA?

*Ivesi lenkumbulo: IsAmbulo 3:20*

Igama: ______________________________

Bheka eTestamenteni lakho Elisha noma eBhayibhelini izimpendulo zemibuzo.

Lapho kuthi khona NgokukaJohane 1:12, kusho incwadi yakhe uJohane isahluko sokuqala nevesi leshumi nambili. (EBhayibhelini kukhona uhlu lwezincwadi olukhomba ikhasi lapho incwadi itholakala khona).

Funda impendulo eBhayibhelini, bese uyibhala ngawakho amazwi. Uma kwenzeka uneTestamente Elisha lodwa, imibhalo yeTestamente Elidala ibhaliwe kulezizifundo ukuze ikusize.

1. Ngenkathi ngamukela uKristu ngokuza phambili ngibe ____________________ kaNkulunkulu (NgokukaJohane 1:12).

2. Ukungena kukaKristu empilweni noma enhliziyweni yomuntu ngamunye, kuwuhlobo phakathi kwakhe nalowo omamukelayo njengokusho kukaKristu EsAmbulweni 3:20.

   (a) Ubani ongqongqothayo emnyango? ____________________

   (b) Ubani ongaphendula izwi longqongqothayo na?

   ______________________________

   (c) Ufuna ukuba ngenzeni na? ____________________

   ______________________________

(d) Uzokwenzani uma ngivula umnyango na? ________

________

(e) Ngingawuvula kanjani umnyango na? (Bheka IsAmbulo 3:19). ________

(f) Uwuvulile umnyango na? ________

(g) Uphi uJesu manje na? ________

________

3. Isizathu sikaKristu sokuzofuna nokusindisa yingoba sasi ________ (NgokukaLuka 19:10).

4. Njengokusho KwabaseRoma 3:23 ukulahleka kwethu kwaba ngasiphi isizathu na? ________

5. Lisifundisani iBhayibheli ngenkokhelo noma ngomvuzo wesono? (KwabaseRoma 6:23) ________

6. Ngubani owazifela izono zethu na? (I kwabaseKorinte 15:3). Hlola KwabaseRoma 5:8-9 ukuze ubone kahle ukuthi ngubani owasifela thina sonke ________

7. Uma ngivuma izono zami uNkulunkulu wenzani? (1 kaJohane 1:9) ________

________

8. Ngifanele ngenzeni ngezono engizivumile ngatshela uNkulunkulu ukuthi ngiyadabuka ngazo na? UIsaya 55:7 uthi: *"Omubi makashiye indlela yakhe, nomuntu owenza okubi imicabango yakhe, abuyele kuJehova, uyakuba nomusa kuye, yebo, abuyele kuNkulunkulu wethu ngokuba uyakwenza ukuthethelela kubekukhulu."* Bhala amazwi ashoyo ukuthi ufanele ukwenzani

ngezono ozenzile ______________________________

______________________________________________

9. Njengokusho KwabaseEfesu 2:7-9, indlela yokuthola insindiso yingu: (Bhala yebo noma qha) ______________

______________ a. Ukwenza imisebenzi eminingi emihle

______________ b. Ukuzama ngamandla ukwenza okulungileyo

______________ c. Ukwamukela intethelelo ngokukholwa

10. Kodwa uma sesemukele insindiso senziwa izidalwa ezintsha. Inhloso kaNkulunkulu ukuba ______________

______________________________________________

11. NgokukaJohane 14:6-9, ngubani owambulwa kithi ngoJesu Kristu na? ______________________________

______________________________________________

12. Ka 1 Johane 5:13 uthi lowo okholwayo ngeqiniso noma obeke ithemba lakhe kuJesu Kristu, iNdodana kaNkulunkulu utholile

______________________________________________

13. Uma ngingafa namhlanje ngoyaphi na? (NgokukaJohane 14:1-3)

______________________________________________

14. Wazi kanjani ukuthi ungumntwana kaNkulunkulu (NgokukaJohane 1:12) ______________________

______________________

______________________

15. Manje selokhu ngizelwe ngokoMoya ngaba umntwana kaNkulunkulu (NgokukaJohane 3:3-7) ngizodinga ukudla ukuze ngikhule futhi ngiphile. Iyini into ebalulekile ekukhuleni kwami na? (NgokukaMathewu 4:4) ______________________

______________________

## IZELULEKO

Ngakho-ke funda iBhayibheli lakho imihla yonke; yinto yokuqala ekudleni kwakho leyo. Kubekele isikhathi. Qala ngokufunda ivangeli ngokukaJohane isahluko sinye ngelanga. Yileso nalesosifundo seBhayibheli sizoba nemibuzo ngencwadi kaJohane kanye nezinye izincwadi zeBhayibheli. Phatha ivesi lenkumbulo laleso nalesosifundo ephaketheni lakho, ukuze ufunde kahle nakalula ngekhanda.

Nazi ezine zezindlela ezizokukhulisa eNkosini:

1. **Thandaza izinsuku zonke.** Khuluma noNkulunkulu, umtshele konke okusenhliziyweni yakho.
2. **Ngena izinkonzo zonke.** Umnyango uvuliwe lapho kushunyayelwa khona insindiso nalapho kuphakanyiswa khona uJesu.
3. **Mlalele uNkulunkulu.** Uma kunento noma isenzo esithile ongasiqondi ukuthi silungile noma asilungile, zibuze ukuthi uJesu abengenzenjani kulesisenzo na?
4. **Fakaza.** Tshela abanye lokhu iNkosi ekwenzele khona.

Manje-ke sewuqonda kangcono lokho okwenzekile kuwe. Futhi-ke kuyisiqalo sezigigaba ezinkulu, kusekhona ezinye futhi.

*"Bheka ngimi ngasemnyango ngingqongqotha; uma umuntu ezwa izwi lami, avule umnyango, ngiyakungena kuye, ngidle naye, naye adle nami."* IsAmbulo 3:20

# 2



## UKUHAMBA NONKULUNKULU

*Ivesi lenkumbulo: 1 kwabaseKorinte 10:13*

Igama: ______________________________

Uma umntwana ezelwe ngokwenyama ufanele aqale ngokuhamba. Into enkulu ebalulekile ukuba afunde ukuhamba. Nasemoyeni kuba njalo kumntwana kaNkulunkulu, lowo ozelwe uNkulunkulu ufunda ukuhamba noNkulunkulu. Impilo yobuKristu ingukuhamba noNkulunkulu. Lokhu kusho ukuqhubekela phambili, hhayi ukuma ndawonye. Futhi lokhu kuwukukhula okufaneleyo, kuwukuthatha isinyathelo ngasinye. UMika umprofethi waloba ngenye yezimfanelo zomuntu. *"Uhambe noNkulunkulu wakho ngokuthobeka na?"* (UMika 6:8)

1. Njengoba usuqalile ukufunda iVangeli likaJohane, mhlawumbe sewubonile amazwi ehlukeneyo abonisa ukuhamba noNkulunkulu. Yimaphi lawomazwi anjengalawa na?

   a. NgokukaJohane 8:12 ______________________

   b. NgokukaJohane 1:37 ______________________

   c. NgokukaJohane 2:5 ______________________

   d. NgokukaJohane 5:14 ______________________

2. Ngubani ophikisana nokuhamba kwethu noNkulunkulu? (I kaPetru 5:8) ______________________________

3. Kuyini lokho okwenziwa nguSathane kuJesu (NgokukaMathewu 4:1) ______________________________

______________________________

4. UJesu wasivumela isilingo na? (AmaHeberu 4:15) __________

Isilingo nesono kuyizinto ezifanayo na? __________

Isilingo sithi: "Uzokwenza lokhu na?" Isono sithi: "Ngizokwenza".

5. Sifanele ukwenzani uma uSathane esihlasela na? (EkaJakobe 4:7)

______________________________

6. Chasisela ngawakho amazwi: Kuyini ukona? (Bheka I kaJohane 3:4 naku EkaJakobe 4:17). __________

______________________________

______________________________

______________________________

7. UIsaya 59:2 uthi, *"Kepha ububi benu bunahlukanisile noNkulunkulu, nezono zenu zibusithile ubuso bakhe kini ukuba angezwa."*

Into eyodwa enamandla okungahlukanisa noNkulunkulu kuyi

______________________________

8. Kuyenzeka yini ukuba umKristu asizwe ngamandla kaKristu, agcineke angoni ngamabomu na? (I kaJohane 3:9) __________

______________________________

9. Siyini isithembiso sikaNkulunkulu kithi uma silingwa noma sivivinywa? (I kwabaseKorinte 10:13) ____________________

____________________________________________

____________________________________________

____________________________________________

10. Iyini inhloso ka Johane ngalombhalo othalakala ku I kaJohane 2:1? ____________________

____________________________________________

11. Nokho, uma kwenzeka umKristu awela esonweni, ngokuka I kaJohane 1:9 ufanele ukwenzani? ____________________

____________________________________________

____________________________________________

____________________________________________

12. Uma umKristu onile kuthi emva avume isono sakhe, uNkulunkulu uzakwenzani na? (I kaJohane 1:9)

____________________________________________

____________________________________________

13. NgokukaJohane 14:21, ukugcina imiyalo kaKristu kubonisa ukuthi ______________________________

______________________________

______________________________

14. NgokukaJohane 10:27-29,

a. Ubani onokuphila okuphakade nophathwe ngamandla kaNkulunkulu na? ______________________________

b. Ukuze ngibe imvu kaKristu (ivesi 27) ngifanele ngizwe izwi likaKristu, ngaziwe nguye, futhi ______________________________

______________________________


Nasi iseluleko esiqondile nesiswelekile: Hamba noNkulunkulu! Loku kusho ukumelana nesilingo, ukulalela uNkulunkulu, ukulandela uKristu.

Ezinye iziqondiso zempilo nokukhula okuphumelelayo zifunyanwa esifundweni esilandelayo.

*"Anifikelwanga ukulingwa okungenjengokwabantu; kepha uNkulunkulu uthembekile, ongayikuvuma ukuba nilingwe ngokungaphezu kwamandla enu, kepha oyakuthi kanye nokulingwa anenzele indlela yokuphepha, nize nibe-namandla okukuthwala."*

I kwabaseKorinte 10:13

# 3



## UKUFUNDA KUNKULUNKULU

*Ivesi lenkumbulo: AmaHubo 119:11*

Igama: ______________________________

Uma bekungenzeka uthole ukuthi amapulane kaNkulunkulu maqondana nomhlaba nempilo yakho wena uqobo alotshiwe encwadini, leyoncwadi ingaba yigugu elingakanani kuwena na? Uma izithembiso zikaNkulunkulu kuwe nokulunga kwakhe ngawe kubhalwe encwadini, futhi leyoncwadi unayo, ungachitha isikhathi esingakanani ekuyifundeni na? Kulemizuzu eyingcosana elandelayo kungenzeka uzitholele okumangalisayo ngempela!

1. Kuthiwani ngeZwi likaNkulunkulu NgokukaJohane 17:17

   ______________________________

2. Imibhalo yanikezwa kanjani kithina ukuze ibe nesiqiniseko seqiniso (II kuThimothewu 3:16) ______________________________

   ______________________________

3. Yini okwenziwa yiZwi likaNkulunkulu ngokusho kwalemibhalo:

   a. II kuThimothewu 3:15 ______________________________

   b. NgokukaJohane 15:3 ______________________________

   c. IzEnzo 20:32 ______________________________

4. Njengalokhu ubusafunda ivangeli NgokukaJohane, uziqaphele yini izimfundiso ngokubaluleka kweZwi?

   a. Yini eyenziwa uKristu ngeZwi likaYise? (NgokukaJohane 8:55) ______________________

   b. Linayo yini indawo iZwi likaNkulunkulu ezimpilweni zabanye abantu? (NgokukaJohane 8:37) ____________ ______________________________

   c. Uma singabakaNkulunkulu sizokwenzani ngeZwi lakhe? (NgokukaJohane 8:47) ______________________

   d. Umfundi weqiniso kaKristu uzokwenzani ngeZwi lakhe? (NgokukaJohane 8:31) ______________________ ______________________________

   e. Senzani ngezwi ukuze silonde impilo yokomoya noma ukuphila okuphakade? (NgokukaJohane 8:51) __________ ______________________________

5. Uma ngimthanda uJesu ngizokwenzani? (NgokukaJohane 14:23) ______________________________

6. Izwi elibhaliwe lingikhomba kumuphi umuntu (a) ____________ ______________________, ukuze ngibe nasiphi isipho (b) ______________________ ______________________________ ? (NgokukaJohane 20:31)

7. USathane angazama ukusahlula empilweni yethu yobuKristu, kodwa uNkulunkulu usinike isikhali esingamnqoba ngaso uSathane. Siyinkemba kaMoya eyi ______________________

______________________________________________

(Kwabase-Efesu 6:17)

8. UJesu wamxosha kanjani uSathane kuMathewu 4:4, 7, na 10?

______________________________________________

9. Ngingenzani ngeZwi likaNkulunkulu ukuze lingilonde ukuba ngingoni, ngokusho kwamaHubo 119:11 *"Enhliziyweni yami ngiyalonda izwi lakho, ukuze ngingoni kuwe"?* ______________

______________________________________________

10. Liyini iqiniso elivela kuNkulunkulu elisanda ukukusiza kakhulu?

______________________________________________

11. Kusweleke ngani ukuba umKristu afunde iBhayibheli imihla yonke na? ______________________________

______________________________________________

Ngaphezu kokufunda lesisifundo usenalo elinye ithuba elimangalisayo njengomKristu. Lelithuba lambuliwe esifundweni esilandelayo.

*"Enhliziyweni yami ngiyalonda izwi lakho, ukuze ngingoni kuwe."*

AmaHubo 119:11

# 4



## UKUKHULUMA NONKULUNKULU

*Ivesi lenkumbulo: NgokukaJohane 16:24*

Igama: ______________________________

Njengokuba sikhuluma noNkulunkulu uSomandla, kufanele simnike okungcono kwalolo nalolosuku. Sibe nesikhathi sokukhuluma ngasese. Umhlabeleli ukhuluma ngalendlela: *"Jehova, ekuseni uyalizwa izwi lami; ekuseni ngiyakuzibika kuwe, ngilinde"* (AmaHubo 5:3). Ake sibone ezinye izeluleko eBhayibheli elisinika zona maqondana nomthandazo.

1. Umthandazo wangasese wawubalulekile yini kuJesu? (NgokukaMarku 1:35) ______________________________

2. Ngifanele ukuthandaza nini na? (NgokukaLuka 18:1) __________

   ______________________________

3. Ngifanele ukuthandaza kanjani na? (I kwabaseThesalonika 5:17-18) ______________________________

4. Siyini isizathu esikhulu somkhuleko ongaphendulwa na? *"Uma bengiqonde ububi enhliziyweni yami, ibingayikungizwa iNkosi"* (AmaHubo 66:18) ______________________________

   ______________________________

5. Kuyini okuyoqondisa lokho esikukhulekayo na? (I kaJohane 5:14) ______________________

______________________

6. Yiziphi izifundo ozifundile eVangelini likaJohane ngomthandazo?

   a. Yiliphi ilungelo wonke umKristu analo? (NgokukaJohane 16:24) ______________________

   ______________________

   b. Inhloso kaNkulunkulu yokuphendula umthandazo yilena ______________________ (NgokukaJohane 14:13)

   c. Kuyini lokho uKristu akufunayo kithi ukuze aphendule izicelo zethu na? (NgokukaJohane 15:17) ____________

   ______________________

7. Ngifanele ngenzeni uma ngithandaza ukuze ngamukele impendulo na? (NgokukaMathewu 21:22) ______________

______________________

8. Izinto eziqondile engingazithandazela yilezi:

   a. NgokukaMathewu 6:11 ______________________

   b. NgokukaMathewu 9:38 ______________________

   c. KwabaseFilipi 1:9 ______________________

   d. I kuThimothewu 2:1-2 ______________________

e. EkaJakobe 1:5 ______________________________

9. Kuyini okungangigcina ukuba ngingangeni ekulingweni na? (NgokukaMathewu 26:41) ______________________________

______________________________

10. Nguwuphi umthandazo ongcono? (Phawula impendulo)

a. Onamazwi afaneleyo enkolo ______________

b. Ozwakalayo kahle njengomkhuleko ______________

c. Ophuma ekujuleni kwenhliziyo yami ______________

11. Ayini amapulane akho maqondana nesikhathi sakho somkhuleko wangasese na? ______________________________

______________________________

______________________________

Mhlawumbe bewungabuboni ubukhulu belungelo lakho lokukhuluma noNkulunkulu. Lonke uthando nezibusiso akuphe zona zikwenza ukuba ufune ukumenzela okuthile, akunjalo na? Manje funda isifundo esilandelayo.

*"Kuze kube kalokhu anicelanga lutho egameni lami. Celani niyokwamukeliswa ukuba intokozo yenu igcwale."*

NgokukaJohane 16:24





## UKUMDUMISA UNKULUNKULU

*Ivesi lenkumbulo: I kwabaseKorinte 10:31*

Igama: ______________________

Uma ngikholwa okuthize, ngizokusekela ngokupheleleyo. "Nkulunkulu, ngokholwa kuwe impela manje, ngendlela engingazange ngikholwe ngayo phambili. Ngakho ngifuna ukukuthokozisa nokukusebenzela nokukunika konke loku engiyikho nalokhu enginako." Umphostoli uPawulu wathi, *"Ngakho-ke noma nenzani, konke kwenzeleni udumo lukaNkulunkulu"* (I kwabaseKorinte 10:31). Ezintweni ezincane nasezintweni ezinkulu, kuko konke engikwenzayo ngizobuza ukuthi ingabe kuyamdumisa yini uNkulunkulu?

1. NgokukaMathewu 22:36-40,

   a. Ngifanele ukumthanda kanjani uNkulunkulu? ______

   ______________________

   b. Ngifanele ukumthanda kanjani umakhelwane?

   ______________________

   ______________________

2. Ngingalubonisa kanjani uthando kuNkulunkulu kanye nakwabanye? (I kaJohane 5:2-3) ______

______________________

3. UJohane wathini ngalokhu kuzinikela kwakhe kuNkulunkulu?

   a. Ukuze inhlamvu kakolweni ithele izithelo eziningi ifanele ukwenzenjani? (NgokukaJohane 12:24-25).

   ______________________________

   b. Uma ngisebenzela uJesu Kristu esikhundleni sokuba ngizisebenzele, yini leyo uBaba azoyenza? (NgokukaJohane 12:26) ______________________________

   ______________________________

   ______________________________

4. Manje, njengomKristu, nginesimo esisha kubobonke abahlobo bami ngoba senginobudlelwane noNkulunkulu. Uma ngiku-Kristu, okwakudala kudlulile, sekuvele ______________________________

______________________________ (II kwabaseKorinte 5:17)

   a. Ngenzani ngezinto zomhlaba?

      (1) Manje ngithanda ukupha, noma ukuzigodlela (NgokukaLuka 6:38)______________________________

      ______________________________

      (2) Bhala izimo ezintathu ezilungileyo ezambulwa Kwabase-Efesu 4:28 ______________________________

      ______________________________

      ______________________________

b. Kufanele ngibaphathe kanjani abanye?

(1) Ngifanele ngibe ____________________ kwabanye abantu (Kwabase-Efesu 4:32).

(2) Ngifanele ukwenzani ukuze ngisebenzele ukulunga? (II kwabaseKorinte 6:14) ____________________

____________________________________________

c. Kufanele ngiziphathe kanjani mina uqobo:

(1) Ekunakekeleni, ekubonakaleni, nasekusebenziseni umzimba wami, ngifanele ukukhumbula ukuthi ngiyithempeli lika ____________________

____________________ (I kwabaseKorinte 6:19)

(2) Ngifanele ____________________ isikhathi sami nethuba. (Kwabase-Efesu 5:16)

5 Ngifanele ukuthanda ____________________ (I kaJohane 2:10), nokungathandi i ____________________ (I kaJohane 2:15-16).

6. Kungani uNkulunkulu ebhekile thina ukuba simdumise? (I kwabaseKorinte 6:20). ____________________

____________________________________________

7. Uma ngibeka umbuso kaNkulunkulu nokulunga kwakhe kuqala, kuba yini umphumela? (NgokukaMathewu 6:31-33) ________

__________________________________________

8. Uma ngizinikela ngokupheleleyo kuNkulunkulu, uzakungenzelani yena? (NgokukaMarku 10:28-30) ________________

__________________________________________

9. Ngingamthokozisa kanjani uNkulunkulu?

(I kwabaseKorinte 10:31) ________________

__________________________________________

Lamaqiniso avula indlela yokuthokoza ekudumiseni uNkulunkulu. Kukhona indlela ethile yokuthokozisa iNkosi, leyo ingukufakaza ngoJesu kwabanye. Isifundo esilandelayo sisitshela ngalokhu.

*"Ngakho-ke noma nidla, noma niphuza, noma nenzani, konke kwenzeleni udumo luka-Nkulunkulu."*

I kwabaseKorinte 10:31





## UKUKHULUMELA UNKULUNKULU

*Ivesi lenkumbulo: NgokukaMathewu 4:19*

Igama: ______________________________________

Cabanga sengathi uhlangana nomhlobo wakho omdala ompilo yakhe ibingathokozisi kangangoba bewucabanga ukuthi ungeke uphinde umbone esaphila. Manje se uphile kahle. Wase ebabaza ukuthi uthole udokotela omphilise ngokupheleleyo. Kodwa lomhlobo wakho angeze afuna ukukutshela igama nekheli lalowodokotela. Uthi wena, Ngeke kwenzeke! Kodwa bangaki abaphilisiwe nguJesu ngokuphelele kodwa benganaki ukutshela abanye ukuthi baphiliswe ngubani! Ukufakaza kusho ukutshela abanye lokho uKristu akwenzele khona.

1. Emva kokuba uKristu aphilise umuntu obenedemoni, kwalandela umyalo oqondile. Wafakaza kanjani lomuntu? (NgokukaLuka 8:39) ______________________________

   ______________________________________

   ______________________________________

2. Ivangeli NgokukaJohane lifundisa kakhulu ngokufakaza.

   a. Maqondana noJohane 3:32, ukufakaza kungukutshela abanye ngalokho engiku ______________

b. Wayenzani uAndreya kuJohane 1:40-41? ______________

______________________________________________

c. UJesu wathi umsebenzi kaNkulunkulu omkhulu yimuphi? (NgokukaJohane 6:28-29) ______________

______________________________________________

d. Yimuphi umsebenzi asitshela ukuba siwenze kuJohane 15:16? ______________________

______________________________________________

3. Yini into enkulu eyake yenzeka kuwe empilweni yakho na?

______________________________________________

4. Umusa omkhulu engingawubonisa omunye wuku ______________

______________________________________________

5. Kuyini lokho uJesu asiyala ukuba sikwenze kuMathewu 28:18-19?

______________________________________________

______________________________________________

6. Yini okwenziwa amaKristu okuqala ukukhombisa ukuthi bamamkele uKristu? (IzEnzo 8:35-38) ______________

______________________________________________

7. Yisiphi isimo abakuso labo abangakholwayo kuKristu, na? (NgokukaJohane 3:18) ______________________

______________________________________________

8. Uma ngithembekile ukumlandela uKristu, ungithembisa ______

______________________ (NgokukaMathewu 4:19)

9. Ngokusho kuka I kaPetru 3:15, ngingazilungiselela ukufakazela uKristu ngoku ______________________

______________________

10. UPawulu wayehlangana nabantu kuphi ukuze abatshele ngoKristu na? (IzEnzo 17:17 na 20:20) ______________________

______________________

11. Kungani ukuba ubufakazi bethu sibuqondise kuKristu na? (NgokukaJohane 14:6) ______________________

______________________

12. Njengabofakazi bakaKristu, yimuphi umyalezo wethu kulabo abangenaye uKristu na? (Ngokuya KwabaseRoma 6:23)

______________________

(Ngokuya KwabaseRoma 3:23) ______________________

______________________

______________________

UIsaya 53:6 *"Thina sonke sedukile njengezimvu . . . uJehova wehlisela phezu kwayo ububi bethu sonke."*

NgokukaJohane 1:12 ______________________

______________________

______________________

13. Lapho umuntu esemamukele uKristu, uyini okufanele ukuba sikwenze kuye na? (IzEnzo 14:22) ________________

________________________________

14. Ukufakaza okunempumelelo kungenisa lezizinto ezintathu: (1) Lokho bengiyikho ngingakabi umKristu; (2) Indlela engaba ngumKristu ngayo (3) Lokho uKristu ayikho empilweni yami. Bhala kafushane ubufakazi ongahle ubunike umhlobo wakho

________________________________

________________________________

________________________________

________________________________

________________________________

15. Bhala amagama abantu abathathu obaziyo ukuthi badinga uKristu, labo ozobathandazela futhi ozofakaza kubo uma ufumana ithuba.

________________________________

________________________________

________________________________

Kodwa noma wazi ukuthi ufanele ukutshela abanye ngoJesu Kristu, kungenzeka ukuba wesabe. Ungawafumana kuphi amandla okufakaza ungesabi lutho na? Sizofunda ngalokho esifundweni esilandelayo.

*"Ngilandeleni; ngiyakunenza nibe-ngabadobi babantu."* NgokukaMathewu 4:19

# 7



## UKUGCWALISWA NGOMOYA KANKULUNKULU

*Ivesi lenkumbulo: Abase-Efesu 5:18*

Igama: ____________________________________________

Kukaningi umKristu ethi, "Ngifuna ukwenzela uNkulunkulu okungcono ngempela, kodwa ngiswela amandla okukwenza." Yinye kuphela zwi impendulo kulenkinga, umKristu ufanele abenawo ngokwanele amandla kaNkulunkulu ngoMoya wakhe oNgcwele ohlala kuyena. Kungakho uPawulu ethi kumaKristu ezinsukwini zakhe, "Nigcwaliswe ngoMoya" (Abase-Efesu 5:18).

1. UJesu wathatha isikhathi efundisa abafundi bakhe ngoMoya oNgcwele naye uJohane wasilobela okunye kwalezomfundiso.

   a. UJesu wathi ngubani oyakusinika isibusiso esichichimayo (Njengemifula yamanzi aphilayo)?
   (NgokukaJohane 7:38-39) ____________________

   ____________________________________________

   b. Ngubani oyakusifundisa na? (NgokukaJohane 14:26)

   ____________________________________________

   c. UMoya oNgcwele ufakaza ngobani (lokhu kusho ukuthi ukukhuluma ngobani) na? (NgokukaJohane 15:26)

   ____________________________________________

   d. Umuntu ungena nini embusweni kaNkulunkulu na?
   (NgokukaJohane 3:5) ____________________

2. Abafundi babezowatholakubani amandla okufakaza ababewadinga na? (IzEnzo 1:8) ________________________

________________________________________

3. Nswelo yini yokomoya ayesenayo uPawulu nakuba ayesemamkele uKristu? (IzEnzo 9:17) ________________________

________________________________________

________________________________________

4. Izinto ezivimbela umuntu ukuba aphile impilo egcwaliswe nguMoya oNgcwele yilezo ezabonakala ebandleni laseKorinte njengalezi: umoña, inzondo, okwabonakalisa ukuthi babe ______

________________________________________

________________________ (I kwabaseKorinte 3:1, 3)

5. Yimuphi umsebenzi obalulekile owenziwa uMoya oNgcwele ukususa okuvimbelayo ukuba siphile impilo engcwele? (I kaPetru 1:2) ________________________

________________________________________

6. Lapho uNkulunkulu egcwalisa amaKristu okuqala ngoMoya oNgcwele wenzani ngokungahlanzeka noma ukungalungi kwezinhliziyo zabo na? (IzEnzo 15:8, 9) ________________________

________________________________________

________________________________________

7. Sifanele senzenjani ngokungahlanzeki noma ngesimo sezono ezisempilweni yethu na? (II kwabaseKorinte 7:1) __________

______________________________________________

8. UNkulunkulu ufuna ukungcweliswa kupheleliswe kangakanani na? (Ukuhlanzwa noma ubungcwele) (I kwabaseThesalonika 5:23)

______________________________________________

______________________________________________

9. Isimo esibi sabaseKorinte sakhombisa ukwahluluka ezimilweni zabo. Okuyinto ebalulekile kakhulu empilweni yomKristu i

______________________________________________

______________________________________________

__________________________ (I kwabaseKorinte 13:13).

10. Ngingamukela loluthando (lukaNkulunkulu) kubani na? (KwabaseRoma 5:5). __________________________

______________________________________________

11. Emva kokuba sengigcwalisiwe ngoMoya oNgcwele, sihamba kanjani noNkulunkulu na? (KwabaseRoma 8:4) __________

______________________________________________

Impilo enamandla nehlanzekileyo yobuKristu yileyo egcwaliswe ngoMoya oNgcwele. Ichichimela kwabanye. Ungathanda yini ukugcwaliswa ngoMoya na? Kukhona izinyathelo ezine ezilula:

a. Cela uNkulunkulu akunike uMoya wakhe ngokupheleleyo (NgokukaLuka 11:13).

b. Nikela yonke impilo yakho kuNkulunkulu (KwabaseRoma 12:12).

c. Vuma ukuthi uswela ukuhlanzwa kwangaphakathi (IzEnzo 15:8, 9).

d. Amukela ngokukholwa uMoya ohlambululayo (IzEnzo 15:8, 9; I kwabaseThesalonika 5:23-24).

*"Ningadakwa yiwayini, kuvela kulo umhumheko, kodwa nigcwaliswe ngoMoya."*

Kwabase-Efesu 5:18

8



# UKUSEBENZA KANYE NONKULUNKULU

*Ivesi lenkumbulo: AmaHeberu 10:25*

Igama: ____________________

Usubonile yini ukuthi ngenkathi wamukela uJesu Kristu, awutholanga nje uYihlo wasezulwini kuphela, kodwa futhi uthole umndeni wonke omusha? Ilowo nalowomKristu waba ngumfowenu woqobo, kanjalo futhi waba udadewenu. Lona ngumndeni wakho omusha ohlangene nawo ubizwa ngokuthi iBandla. Qiniseka ukuthi lomndeni wakho wokomoya uwubonise uthando olwanele.

1. IBhayibheli liqondisa kubalandeli bakaKristu ngezindlela ezahlukeneyo. Bheka izinto ezintathu ezichaza umlandeli kaKristu kuIzEnzo 11:24.

   a. ____________________

   b. ____________________

   c. ____________________

2. Njengoba sazi ukuthi sifanele ukusebenza kanye kanye njengamaKristu, iBandla kwesinye isikhathi libizwa ngokuthi __________

   ____________________ (I kwabaseKorinte 12:27)

3. Ngubani inhloko yebandla? (Kwabase-Efesu 5:23)

   ____________________

4. Yisiphi isenzo sikaKristu esisibonisa ukuthi iBandla libaluleke kangakanani? (Kwabase-Efesu 5:25) ______________________

______________________________________________

5. Ukuze ngibe ingxenye yebandla, ngifanele ukuba ngiziphathe kanjani kuKristu? (Kwabase-Efesu 5:24). __________________

______________________________________________

6. UPawulu wafundisa kuphi izindlela zobuKristu? (I kwabase-Korinte 4:17) ______________________________

______________________________________________

7. Yini isifundo esifundiswe iVangeli likaJohane ngeBandla?

   a. Izwe lizokwazi kanjani ukuthi ngingowebandla leqiniso (abalandeli bakaKristu)? (NgokukaJohane 13:35)

   ______________________________________

   ______________________________________

   b. Uyini umsebenzi womalusi ebandleni (Ngokuka-Johane 21:16) ___________________________

   ______________________________________

8. Ngifanele ukumphatha kanjani omunye oyilunga lebandla na? (KwabaseGalathiya 6:2) ______________________

______________________________________________

9. Uma uMoya oNgcwele epha umuntu izipho ezithile, yini inhloso yalokhó? (I kwabaseKorinte 12:4-7) ______________

______________________________________________

10. Amanye kulamabandla anamandla anothando, amanye awanakho. Yiliphi lalamaBandla ongathanda ukuba kulo? (Phawula libe linye)

a. IBandla laseJerusalema (IzEnzo 4:32-33) ____________

b. IBandla laseLawodikeya (IsAmbulo 3:14-17)____________

11. Lwalungakanani uthando lwamaKristu okuqala kuyo imfundiso, nobudlelwane, nokuhlephula isinkwa nomkhuleko wabaPhostoli na? (IzEnzo 2:42) ______________________________

______________________________________________

12. Yikuphi engifanele ukukuqaphela uma ngifisa ukuthokozisa uNkulunkulu? (AmaHeberu 10:25) ____________________

______________________________________________

13. Ezinye izizathu zokuba ngingene ebandleni yilezi ____________

______________________________________________

______________________________________________

______________________________________________

Ngokukholwa kwakho, usuhlanganisiwe noJesu, futhi ngokomoya uhlanganisiwe nawo onke amaKristu eqiniso. Manje usufanele ucabange ngesinyathelo esikhulu sokuzihlanganisa nebandla. Lobudlelwane bubaluleke kakhulu futhi ngomsebenzi wabo omkhulu ngoba amaKristu afanele ahlanganyele ngazozonke izindlela ezikhona. Ngosizo lwebandla lakho nomalusi, uzoqhubeka ukhule kuKristu.

Siyakubongela ngokuqeda kwakho lezifundo. Kukhona izinsuku eziningi ezimangalisáyo phambi kwakho uma usaqhubeka ukuhamba noNkulunkulu!

*"Singakuyekeli ukuhlangana kwethu njengomkhuba wabanye, kepha masivuselelane, ikakhulu njengoba nibona usuku lusondela.*

KumaHeberu 10:25

